Gr 10 Fz

TONGAAT SECONDARY SCHOOL

ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA

UKUHLOLWA KUKAZIBANDLELA-2019

IPHEPHA LESIBILI

IBANGA-10

Umhloli: Mnu. S Mathonsi

Umcwaningi: Nkk. B.H. Mkhwanazi

Isikhathi: 2 Amahora

Imiklomelo: 70

IMIYALELO KUBAFUNDI

- **Leliphephalahlukanisweizigabaezimbili.**

ISIGABA: A **ELOKUFA ALITSHELI**

ISIGABA: B **IZINHLIZIYO EZIBUHLUNGU**

- **Phendula yonke imibuzo kuleli phepha.**
- **Ungaxovi izimpendulo zakho**
- **Bhala ngobunono bekati**
- **Umsebenzi wakho mawuhleleke kahle**

GR10 P2

ISIGABA :A **ELOKUFA ALITSHELI**

Umbuzo 1

1.1. Funda lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

UVela wayezithobe ngendlela engajwayelekile ekilasini nokwenza ukuthi uthisha uMasikane enze ihlaya lokubonga uSizwe ngomsebenzi wokwakha uVela. Wathasisela[9] ngokuthi unogada wayengawenzanga kahle umsebenzi ngedonkipiri. Zahleka zonke izingane ekilasini ngaphandle kukaVela noSizwe abanyonkolozana. Laba babhemu bobabili babengakaze bakhulumisane, kuyilokhu kwasukela mzukwane uSizwe engqimuza uVela ngenqindi. Akekho owayezimisele ngokuthelela omunye amanzi.

Iningi labafundi lalisaqedela ukuhleka ihlaya ngesikhathi kungqongqoza umfundi emnyango. Washo ngephimbo eliphakeme uthisha uMasikane wathi umfundi lowo makangene. Kwangena umfundi ewufake wonke umfaniswano wesikole ngisho nothayi imbala. Nakuba abafundi babemshwama lo mfundi, kodwa akekho owazikhathaza ngalokho kwazise ukuthi kwakungelula ukuthi abafundi bangazana bonke ngenxa yobuningi babo, nokwenza njengoba kwakusaqala unyaka. Lo mfundi wangena waqonda ngqo kuthisha wabingelela.

1.1.1 Uthisha uMasikane yimuphuphi lo msebenzi omuhle athi wenziwe uSizwe kuVela? (1)

1.1.2 Ngubani lo mfundi owayengqongqoza emnyango? (1)

1.1.3 Ngakube le ndlela eyayishiwo uMasikane ukuthi isebenzile ukuthobisa uVela yasebenza ngempela yini? Sekela impendulo yakho. (3)

1.1.4 Xoxa kabanzi ukuthi yini le eyaxabanisa uVela noyise kule ndaba. (3)

1.1.5 Ngakube igama likaVelabahleke liyahambisana yini nezenzo zakhe endabeni? Sekela ngokucaphuna akwenzayo endabeni. (2)

1.1.6 UVelabahleke wayeyiqanda kunina. Sekela lo mbono ngokucaphuna izenzo zikanina ezivezwe kule ndaba (2)

1.1.7 Nikeza igama lesigebengu esasingumngani kaVela (1)

1.1.8 Icala lembula ingubo lingene. Sekela lesi sitatimende ngokwehlela uMahlase kule ndaba. (3)

1.1.9 Ngokufunda kwakho le ndaba, ngakube yiziphi izinto ezaholela ekutheni uVelabahleke abeyihlongandlebe? (2)

1.1.10 Ngakube le ndaba yenzeka ngasiphi isikhathi? Sekela impenddulo yakho (2)

(20)

GR 10 P2

1.2 Phinda ufunde lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

Isililo sasisinye, kukhalwa ngomkhokheli ohambe ngokukhulu ukuzuma ehamba ngesandla somuntu kodwa sibe singaziwa isono. Amakholwa kanye nomama bebhantshi ayekade egijima nabo babelotshwe enkulu indumalo ebusweni. Omakhelwane babehluleka ngisho ukuzibamba ngokuhamba kukamama obeqotho, eyisibonelo esihle endaweni. Umyeni wakhe wayegobodisile[1] izandla zilokhu zivakashela emehlweni. Izingane zakhe nazo zazimehlo abomvu kubonakala ukuthi zinesikhathi ziqalile ukukhala. Kwase kuzophela ukuba yintandane enhle engumakhothwa ngunina.

UVela wayentshalantshala, amehlo akhe engavumi ukubhekana nawabantu. Wayegwajaza ebukeka elusizi, unembeza umlahlisisa ngayekwenzile nomngani wakhe. Wayeba ngukucabanga ngokuthi zaphambana kanjani izinkomishi, lume ngezinyawo usizi nomunyu, ichiphize indoda. Ngaphakathi ekujuleni kwenhliziyo wayenokukhulu ukuzisola ngokwakwenzekile. Inzondo nayo yayiningi ezizwa kuthi akabambe uyise ngezandla ambulale kuphele nya ngaye ngoba kuze kufe unina nje yingenxa yakhe. Kwakumkhanyela bha ukuthi nguyise owayalela unina ukuthi kube nguye ovela ewindini yena acashe.

1.2.1 Ngakube esani isililo okukhulunywa ngaso kulesi siqeshana? (2)

1.2.2 Ngokwalesi siqeshana yini eyayidala ukuba uVela abentshalantshala? (2)

1.2.3 Ngakube sichaza ukuthini isihloko sale ndaba? (2)

1.2.4 Ake uveze izigameko ezivezwe endabeni ezikubeka ngokusobala ukuthi uVelabahleke wabe elihlongandlebe eselehlule. (2)

1.2.5 Ukube wabe ungubabakaVela, yisiphi isixazululo owawungaba naso enkingeni kaVela? (2)

1.2.6 Isalakutshelwa sibona ngomopho. Sekela lesi sitatimende ngokubhekisa ezenzweni zikaVela. (2)

1.2.7 Ngakube igama likaVelabahleke liyahambisana yini nezenzo zakhe kule ndaba?Yiliphi wena owawungamqamba lona? (2)

1.2.8 Yini oyifundile wena kule ndaba? (1)

(15)

IsambaSesiqephu A: (35)

GR10 P2

ISIQEPHU B **IZINHLIZIYO EZIBUHLUNGU**

Umbuzo 2

2.1 Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.

"Izintombi emnyango zifuna zona iziboshwa. Uthini lo?"

"Ziyeke abafana emnyango befundile behamba ngezibelethe amasondo emhlane, zidumele iziboshwa abantu abanekusasa elifiphele?"[1] ebuza enikina ikhanda.

"Ukhuluma kanjani manje? Lifiphele ikusasa lethu?"

"Awu suka, lifiphele. Kungathi ubona sesihlale ngaphezu kweminyaka eyisithupha sivalelwe."

Anikine ikhanda uDumisani, ambukisise umngani wakhe.

"Mmm...wena Senzo ukhuluma kanje nje awuzenzi. Wenziwa ukuthi ingqondo uyivalele ekopini."

"Usuyabheda-ke manje! Ikhanda lami liyikopi?" ebuza ngokucasuka.

"Ngizolibiza ngekopi ngoba uyahluleka ukucabanga ukuthi kumele ungene esikoleni, ufunde ukuze ijele lingeke lifiphaze ikusasa lakho," kubeka uDumisani ngesineke.

2.1.1 Bakuphi laba abaxoxayo? (1)

2.1.2 Yini le abaxoxa ngayo? (2)

2.1.3 Ngakube kuyiqiniso noma umbono lokhu okushiwo uDumisani ukuthi izintombi zifuna iziboshwa? Sekela umbono wakho (2)

2.1.4 Iyiphi ingosi okwakufanele uSenzo abhalele kuyo ukuze athole intombi? (2)

2.1.5 Ngokucabanga kwakho kwamphatha kanjani uSenzo ukuthola udadewabo kunokuthi athole intombi abe ekade eyifuna? Sekela umbono wakho. (3)

2.1.6 Saba yini isizathu sokuba uSenzo adukelane nomndeni wakhe iminyaka engaka? (2)

2.1.7 Nikeza isizathu esenza ukuba uSenzo azishintshe igama lakhe langempela? (2)

2.1.8 Yisi isifundo osithole kule ndatshana? (2)

2.1.9 Kwabe kungubani igama likaNto seliphelele (1)

{17}

INDANDATHO

2.2 Phinda ufunde lesi siqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

"Nali elami lokugcina ngalolu daba lwakho. Kulukhuni ngane yami ukuphinde uthole umuntu ozokuthanda akuthokozise ngale ndlela oluchaza ngayo uthando lwalo mfokazi nentokozo akunikeza yona. Awukwazi ukuvumela into engakhulumi njengendandatho ihliphize intokozo nokuthandwa onakho."

Cha, ngisenkingeni ngempela. Indoda engangiphupha ngayo yonke le minyaka, yona kanye le esanda kungicela ukuba ngiyishade, yona kanye le engenze ngaba umuntu wesifazane othokoze ukubedlula bonke emhlabeni iminyaka emithathu yonke sithandana, yona kanye le ebiguqe ngedolo kuthangi icela ukuba ngiyishade, namuhla ingitshela insambatheka! [4]

"Indandatho yomshado wena uzongifaka yona kulesi sandla sokudla ngoba angizukuyikhipha lena engayifakwa ngunkosikazi wami esandleni sami sobunxele." Akazimisele nje ukuyikhipha le ndandatho kankosikazi

2.2.1 Iyiphi le ndandatho okukhulunywa ngayo kule ndathsana? (2)

2.2.2 Bahlangana kuphi oNjabulo benoLonddiwe (1)

2.2.3 Yisiphi isizathu esasenza ukuba uNjabulo afune ukuyifaka esandleni sokudla indandatho kaLondiwe? (2)

2.2.4 Lalithini iphupho likaNjabulo elalimtshengisa uLondiwe? (3)

2.2.5 Wayesichitha ngani uLondiwe isizungu engakatholani noNjabulo? (2)

2.2.6 ULondiwe wayethanda ukuhlala ngasewindini laseRestaurant abuke abaphumayo namangenayo epaki yezimoto. Wayekubiza ngokuthi ukwenzani lokho? (2)

2.2.7 Le ndaba inesiphetho esimnandi. Yini ebiyenza ukuba singasilindeli lesi siphetho? (2)

2.2.8 Abazali bakaLondiwe bameluleka bathini uLondiwe ngokungafuni ukushanda noNjabulo ngenxa yendandatho? (2)

2.2.9 Ukube wawunguLondiwe, wawungamshada yini uNjabulo nakube ayengafuni ukufaka indandatho yakho emnweni ofanele? (2)

{18}

{35}

Isamba Sesisonke: {70}